Job creation • Education • Health • Quality basic services • Human settlements & local government • Ethical and developmental state • A better Africa and world

# Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS) English / isiZulu January 2020



**Moms trained to improve ECD in communities**

Page 6



**The legal end to a marriage**

Page 7

**JOBS INSIDE:**

# R25 billion for Waterberg development



President Cyril Ramaphosa is taking important steps to ensure that the communities of the Waterberg District Municipality recieve water and infrastructure projects which are in line with the District Development Model.

President Cyril Ramaphosa has announced R25 billion for infrastructure projects in the Waterberg District Municipality in Limpopo.

The projects are expected to, among other things, address issues of severe water shortages in the district which is made up of the Bela-Bela, Lephalale, Modimolle-Mookgophong, Mogalakwena and Thabazimbi local municipalities.

Addressing residents at the Shongoane Sports Ground in Lephalale recently, the President said government would in the next five years complete the Moloko Water Resource Project.

During the period, government would also pursue the Waterberg rail-line and build several much-needed schools in various communities in the district.

"We know that the people of this district are confronted with severe unemployment and poverty. We know about the problems of water, electricity, sanitation and roads. We know about access to land," he said.

Government, he said, was also aware of the poor telecommunications network that frustrates economic development in the area.

"We need to attract investment in the area. We recently held the second SA Investment Conference and we raised R363 billion from private investment," he said.

A portion of that money was to be invested in the mining district.

"Government will invest R25 billion over the next five years, and that's a lot of money. Some companies will in this

• Cont page 2

2030 NDP

ALSO AVAILABLE ON:

Google play | App Store

@VukuzenzeleNews | Vuk'uzenzele

CONTACT US

Website: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets Hatfield, Pretoria, 0083

FREE COPY NOT FOR SALE

# Ukuqedwa komshado ngokomthetho

**Dale Hes**




Uma sewukuzame konke ukuze umshado wakho uphumelele, isahlukaniso somshado singaba yindlela engcono enganilungela wena nomlingani wakho. Isahlukaniso sinzima futhi sifaka ingcindezi emindenini kanti inqubo yezomthetho eqondene naso kwesinye isikhathi iyadida.

Isahlukaniso somshado sisho isimo lapho umshado sewuhlukaniswe ngokomthetho enkantolo yomthetho. Kunezinhlobo ezimbili zesahlukaniso: esingaphikisiwe - lapho bobabili abathintekayo bevumelana ngokuthi kufanele kube nesahlukaniso somshado; kanye nesiphikisiwe - lapho abathintekayo bengavumelani ngesahlukaniso somshado noma imibandela yaso.

U-Josephine Peta, i-*Senior Legal Admin Officer* yeHhovisi loMnyango Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo loMmeli Wezemindeni, uchaza ukuthi inqubo yokuhlukanisa umshado iqala lapho kukhishwa amasamanisi.

"Umuntu ofuna ukuchitha umshado wakhe angawathola amasamanisi esahlukaniso somshado enkantolo ephakeme noma eyesifunda, noma lapho eya kummeli ecela ukusizwa ngenqubo. Umlingani oqala inqubo yokwahlukanisa umshado ubizwa ngokuthi ummangali bese omunye umlingani abizwe ngokuthi ummangalelwa," kusho uPeta.

UPeta uchaze wathi amasamanisi esahlukaniso somshado kumele:

- asho ukuthi ayisekho nhlobo indlela efanelekile engasetshenziswa ukuze kuvuselelwe ubudlelwane,
- ahlinzekele ukwahlukaniswa kwempahla ehlanganyelwe noma ukuphoqelela imigomo okuvunyelwene ngayo esivumelwaneni sangaphambi komshado esisayinwa ekuqaleni komshado, futhi
- acacise ukuthi zinhlelo zini ezizokwenziwa ngezingane zabalingani, njengokuthi ingane izohlala nobani.

"Amasamanisi kumele aphinde asho ukuthi ummangalelwa unezinsuku eziyi-10 – ezimweni lapho ehlala endaweni eyodwa nommangali, noma ezinsukwini ezingama-20 - uma abathintekayo behlala ezifundazweni ezahlukene, zokuphendula amasamanisi," kwengeza uPeta.

Uma icala selivuliwe, amadokhumenti azobuyiselwa kummangali, okumele anike isikhonzi senkantolo amasethi amabili amadokhumenti esikhonzini senkantolo sasendaweni okusebenza noma okuhlala kuyo ummangalelwa.

"Isikhonzi senkantolo sizobe sesinika amadokhumenti kummangalelwa ngqo futhi sikhiphe incwadi ewubufakazi, ukuze ibe ubufakazi bokuthi imibhalo ihanjisiwe. Lapho kunezingane ezibandakanyekayo, kumele kwaziswe iHhovisi loMmeli Wezemindeni," kubalula uPeta.

Emuva kwesikhathi esiyizinsuku eziyi-10 noma ezingama-20, ummangalelwa angabhalisa isahlukaniso somshado ohlwini lwamacala azoqulwa enkantolo. Ezahlukanisweni zomshado eziphikiswayo, ummangalelwa kumele aphendule amasamanisi ngesaziso senhloso yokuphikisana necala.

"Uma sekwenziwe lokho, kumele aphinde afake isicelo sokuphikisa esikhathini esinqunyiwe. Isicelo sokuphikisa siyisitatimende lapho ummangalelwa ephendula izinsolo ezikumasamanisi.

Emuva kokufakwa kwesicelo sokuphikisa, ummangali naye angaphendula noma afake isaziso sokuthi kunqunywe usuku lokuthethwa kwecala.

"Udaba luzobe selubhaliselwa usuku lokuqulwa kwecala," kuphetha uPeta.

## Siyini isahlukaniso somshado oziphelelayo?

Inkantolo izogunyaza isahlukaniso somshado oziphelelayo uma amasamanisi ethunyelwe kumlingani kodwa wangaphenduli ngesikhathi esinqunyiwe. Nokho, uyelulekwa ukuthi umthinte umlingani wakho kuqala ngoba ngokuhamba kwesikhathi angase azame ukusigudlula isahlukaniso somshado ngesizathu sokuthi wayenesizathu esifanele sokuphuthwa usuku olungumnqamulajuqu.

## Bewazi?

Iphephandaba *i-Vukuzenzele* lizokhipha uchungechunge lwezindaba eziqondene nesahlukaniso somshado. Hlala ulindele lolu shicilelo olulandelayo.

# Certified documents now expire after six months



All government departments and its components have been directed to stop the practice of requiring certified copies of documents not older than three months to accompany applications for employment.

This decision follows complaints raised with President Cyril Ramaphosa on social media and through other channels about the requirements for compliance with public sector job applications.

Departments have been advised to at least accept certified copies of documents submitted with an application for employment that are up to six months old, in those cases where the document certified does not have an expiry date that falls within the six-month period, the Presidency said.

"Government has recognised that the practice to date impacts negatively on job seekers in the current economic climate in South Africa, and that there is a need to reduce the burden on job seekers to submit - with each separate job application - certified copies of supporting documents (such as academic qualifications, which are not older than three months)," the Presidency said in a statement.

The Presidency said this change will also reduce the workload that the certification of documents creates for the South African Police Service personnel, who will now be able to devote more time to their core function of ensuring that South Africans are and feel safe. **SAnews.gov.za**